



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE
EMCIMBINI WOKUPHENDULA ISOYI LEBHULOHO KWABHANYA MHLAKA
29 JANUARY 2008.**

Nginyanibingelela nonke

- UMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal unesibopho ngokomthetho sokuthi ubhekele isimo sezokuthutha esifundazweni. Lokhu kuhlenganisa, phakathi kokunye, ukwakha, ukulungisa, ukugcina esimweni nokulawula imigwaqo yesifundazwe.
- Sesifike izikhathi eziningi kabi kulesi Funda saseZululand sizotshala izimali kwingqalasizinda ngenhloso yokuthuthukisa umnotho wendawo, ukuxhumanisa imiphakathi nezikhungo zosizo nokuqinisekisa ukuthi izinga lempilo liba ngcono emiphakathini yasemakhaya.
- Namhlanje silapha eBhekuZulu sizohlaba isoyi njengophawu lokuqala kokwakhiwa kwebhuloho lomfula KwaBhanya elizokwakhiwa ngesamba sika-R7 million esikhathini esiyizinyanga ezinhlanu. Leli bhuloho lizosiza umphakathi waseBhekuZulu osube nenkinga isikhathi eside yokuwela umfula uma kunezimvula.

- Uma sekwakhiwa, sizoqinisekisa ukusabalaliswa kwamakhono kosonkontileka abancane ngokubanika imisebenzi yokwakha. Osonkontileka bazozithenga kubantu bendawo izimpahla zokwakha. Usonkontileka ophethe umsebenzi kuzodingeka eze nohlelo lokuqeqesha nokuthuthukisa amakhono.
- Kuzovela amathuba abalelwa ku-20 abasebenzi abangenamakhono, ukuqashwa kwabo okuzohamba ngokohlelo lokulingana ngokobulili. Kuzophinda kube namathuba amahlanu abasebenzi abanamakhono. Uhlelo lokwakha lonke luzoqinisekisa ukuthuthukiswa kwamakhono kubantu bendawo.
- Siguqula izimpilo zabantu ngokwakha imigwaqo namabhuloho kusuka eningizimu kuya enyakatho nasempumalanga kuya entshonalanga. Akukho noyedwa, noma umuntu noma inhlango ethile, ozosivimba ukuthi silethe ingqalasizinda kubantu bakithi.
- Siyazi ukuthi kukhona abathi sihlale sihlaba amasoyi, mhlambe ukuze siziqoqele amaphuzu kwezepolitiki. Kodwa ngicabanga ukuthi yibona kanye labo abazama ukuqoqa amaphuzu kwezepolitiki ngokudukisa abantu bakithi akade bayilinda le ntuthuko, ngoba siyazigcina thina izithembiso zethu.
- Phela akuqali ukuthi kube nohulumeni emlandweni weNingizimu Afrika neKwaZulu-Natal ikakhulukazi. Kodwa abantu bakithi baqala manje ukubona uguquko ezimpilweni zabo olulethwa yizinhlelo zikahulumeni wethu wentando yeningi.

- Mangithathe leli thuba ngihalalisele umphakathi waseZululand ngayo yonke imisebenzi yemigwaqo namabhuloho esilethiwe nesazolethwa kuwona.
- Lapha ngikhuluma, phakathi kweminye, ngo D1820, P700, P432 P235/ P49/ P52, P234 P487, iMpembeni, iSikhwebezi Pedestrian Bridge, iThombothi iRiver Bridge, iWela River Bridge, Obivane Bridge neQwasha River Bridge
- Akungabazeki manje ukuthi uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal uhlabela phambili nokufeza umgomo wawo wokwakha uhlelo lwezokuthutha olusimeme nolusabalele yonke indawo KwaZulu-Natal nokuvikela ababuthaka.
- Sengiphetha, kulo nyaka uMnyango wezokuThutha ugubha iminyaka eyishumi kwaqala umkhankaso ka-**Asiphephe** owasungulwa ngo-1998 nguDkt Sbu Ndebele owayephathiswe lo Mnyango manje osenguNdunankulu. Sizoyiqinisa kakhulu imikhankaso yezokuphepha emgwaqeni unyaka wonke. Asidlali uma sithi unyaka wonke.
- Ngithanda ukuxwayisa okhanda limtshelokwakhe emgwaqeni ukuthi izinto zizoshintsha kakhulu kulo nyaka. Sizozalisa ngohlelo lokuthatha amaphuzu elayisensi kwabaphula umthetho kulo nyaka wezimali. Sizozidla kancane kancane izincwadi zenu zize ziphele nya.

Ngiyabonga